

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

57/2014 Intshumayelo ngesonto lokugcina emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 23. 11. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe kuLuka 12:35, lithi: **"Izinkalo zenu mazibe ziboshiwe, nezibani zivutha.**

1. Iculo 280/186

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, siyakubonga ngokuba usigcinile kuze kube lapha. Siyakucela ukuba uqinise ukukholwa kwethu ngaye uJesu Khristu. Sivikele kukho konke okufuna ukusehlukanisa nawe. Mawudunyiswe Nkosi zikhathi zonke ngokuba udumo lungolwakho futhi nguWena wedwa onguNkulunkulu ophilayo. Qala nathi kule nkonziso siphilwe nguwe amandla okukudumisa ngenhliziyo epheleleyo ngoJesu Khristi iNkosi yethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Isaya 65:17-25;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuso isAmbulo 21:1-7;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 15:1-13.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 248/183

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku 2 Petru 3:3-13, lithi: "Nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleki abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo, bethi: Sipi isithembiso sokufika kwakhe na? Ngokuba kuselokhu obaba balala, konke kumi kunjalo njengakwasekuqaleni kokudalwa. Ngokuba bathanda ukukhohlwa lokhu ukuthi kwaphakade izulu lalikhona kanye nomhlaba owavela emanzini nangawo amanzi, umi ngezwi likaNkulunkulu, okwathi ngawo izwe elalikhona labhubha ngokukhukhula kwamanzi; kepha izulu nomhlaba okukhona manje kubekelwe umlilo ngalo lona lelizwi, kulindele usuku lokwahlulela nolo kubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu. Kodwa, bathandekayo, maningakhohlwa lento inye yokuthi kuyo iNkosi usuku lunye lunjengeminyaka eyinkulungwane nokuthi iminyaka eyinkulungwane injengosuku lunye. INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi kungukulibala, kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni. Kepha usuku lweNkosi luyakufika njengesela mhla amazulu ayakudlula ngokuhlokomisa; kuyakusha konke, kubhidlike; nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha. Njengokuba konke kuyakubhidlika kanjalo, kumelwe ukuba nibe ngabantu abanjani ekuhambeni okungcwele nasekumesabeni uNkulunkulu, nibheka nilangazelela ukufika kosuku lukaNkulunkulu ayakubhidlika ngalo amazulu, ashe, konke kushe,

kuncibilike, na? Kepha siyalindela ngesithembiso sakhe amazulu amasha nomhlaba omusha okukhona kuwo ukulunga. Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, siyazi ukuthi konke kunesiqalo nesiphetho, kodwa akekho owaziyo ukuthi isiphetho sakho konke siyofika nini. Lokhu sekuholele ekutheni abanye abantu bahlekise ngokuthi ayikho into okuthiwa yizinsuku zokugcina kwazise phela kade kwakukhulunywa ngazo zingafiki. La mazwi awakhuthazi impela kepha agqugquzela ukuthi kuhanjwe ngokwezinkanuko. IZwi liyasexwayisa ukuthi impela ngalezo zinsuku bayophumela obala basenze ihlaya isithembiso seNkosi. Impela bayazi ukuthi uJesu wethembisa ukuthi uyobuya futhi ezokwahlulela phakathi kwezimbuzi nezimvu. Kodwa abanye abantu abakholwa, bathi izinto azikaguquki ziselokhu zinjalo kusukela ekudalweni kwazo. Lo mbuzo uqhamuka ngoba kumnandi ukuhamba ngezinkanuko zezwe. IZwi liyasifundisa ukuthi uNkulunkulu ubala izinsuku ngendlela eyehlukile yokubala kwabantu. Thina bantu singazibona seziziningi kakhulu izinsuku esezedlule kanti kuNkulunkulu kusewusuku lunye nje. Impela iBandla likaKhristu liyexwayiswa ukuthi lihlale liqaphele inkolo eyize leze efundisa okuphambene nesithembiso seNkosi uJesu.

IZwi likubeka kucace bha ukuthi abakhuluma kanje, bayakhohlwa ukuthi izulu nomhlaba kwakukhona kwasemaphakadeni, nokuthi kwadalwa kanjani futhi kukhona ngeZwi likaNkulunkulu. Nokho umhlaba wabhunjiswa ngozamzolo; lokhu okukhona manje kuzobhujiswa ngomlilo ngalo lona kanye lelo zwi elakudala. Kukhona ngenxa yokuthi kulindele usuku lokwahlulela bese kungqongqothiswa ngomlilo. Asiqaphele ukuthi kukhona izinsuku zokugcina kanye nosuku lokwahlulela, okuyokwahlulelwa ngalo phakathi kwabamesabayo uNkulunkulu nalabo abangamesabi. Ukumesaba kusasho khona kanye ukuthi abangamkhonzi bamdumise uSimakade.

Okubalulekile nokufanele sikholwe yikho futhi singakungabazi neze, ngokuthi iNkosi yethu uJesu Khristu iyasigcina isithembiso sayo. Ngakho-ke ngeke yalithembisa ize iBandla layo futhi ayisoze yakukhohlwa lokho. Kodwa masiqaphele ukuthi bakhona abafuna ukuledukisa. IZwi liyasicacisela ukuthi uNkulunkulu usika ithuba lokuthi sonke siphenduke ngoba akafuni ukuthi kubhubhe namunye. Lapha siyabona umusa wakhe omkhulu nokubekezela kwakhe okukhoqhakambisa uthando lwakhe kubantu bonke. Konke lokhu ukwenza obala ukuze abantu bonke baphendukele kuye, sikholwe nguNkulunkulu ophilayo bese sishiya izindlela zesono ezibhubhisayo. Asikhumbule impela ukuthi Yena uyathokoza ngesoni sinye esiphendukayo, yingakho-ke athumela iNdodana yakhe ezwele yodwa ukuze okholwa yiyo angabhubhi abe nokuphila okuphakade.

Ngubani owaziyo ukuthi usuku lweNkosi luyofika nini? Akukho namunye, sonke asinalwazi. Ukufika kwalolo suku kufaniswa nokufika kwesela eligasela kungazelele muntu. Ngakho-ke kufanele sihlale silindile ngoba asisazi isikhathi nomzuzu oluyotheleka ngawo. Esikwazinye ngokusho kweZwi ngukuthi kuyoba nomonakalo lapho kubhidlika futhi kusha izinto. Noma kunjalo kodwa iZwi liyasikhombisa indlela okufanele sihambe ngayo futhi siphile ngayo. Lisifundisa ukuthi sihlale sihambe ngobungcwele senze intando kaNkulunkulu, simhloniphe silokhu siphokophelele ukufika kwalolo suku. Kubalulekile ukuhamba ngobungcwele ngoba uNkulunkulu luqobo lwakhe ungqwele, kanjalo-ke ubungcwele bakhe bukhona naseBandleni. Ngakho-ke ukuhamba ngezinkanuko zenyama akuhlanganani neze nobungcwele bukaNkulunkulu. Siyethenjiswa impela ukuthi konke lokhu esikubonayo kunesiphetho sakho esingesihle ngoba kuyobhujiswa. "Ngokuba uJehova uyakwahlulela inyama yonke ngomlilo nangenkemba..." (Isaya 66:16)

Ibandla liyakhuthazwa ukuba lilangazelele umhlaba omusha namazulu amasha ngoba okwakuqala kuyobe sekubhujisiwe kwasha kwangqongqa. Yingakho nezwi kumaHebheru lithi: "Ngokuba lapha asinamuzi omiyo, kepha siyawufuna ozayo." (Heb.13:14) Ukulangazelela kwethu kubheke kulindele umhlaba omusha nezulu elisha okusikhumbuza inhloso kaNkulunkulu yasekuqaleni yokudala izulu nomhlaba. Ngokuba iZwi lithi: "Ngokuba bheka, ngiyadala izulu elisha nomhlaba omusha; izinto bakuqala aziyikunjulwa, zingene enhliziyweni." (Isaya 65:17) Kulapho-ke siyofumana khona intokozo ephele nokubuyiselwa kwezinto esimweni sazo esingenasono. Ngakho-ke Bandla elithandekayo masibambebelele ekukholweni okusindisayo ngaye uJesu Khristu iNkosi yethu. Ngokuba ukukholwa kwethu akwencikile emisebenzini yethu esiyezayo kodwa emsebenzini omkhulu owenziwe nguKhristu esiphambanweni. UJesu uyasethembisa ukuthi ikuthi ikhaya likaBaba linezindlu eziningi ngakho-ke Yena uyindlela neqiniso nokuphila akakho oya kuBaba ngaphandle kwakhe. Masikholwe impela kuye singabi nakungabaza kuze kube phakade. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi siyabonga ukuzwa iZwi lakho elisipha ukuphila okuphakade ngaye uJesu Khristu. Siqinise ekukholweni futhi usivikele kukho konke okubi. Sihole njalo ngoMoya wakho oNgcwele kuze kube phakade. Sicela lokhu ngaye uJesu Khristu iNkosi yethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 91/83

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-E. S. Sithole